

AMAGATSHA AKWA-SARS AZOVULA NGEMIQQIBELO KUMFUMFU UKWELEKELELA NGOKUBUYISWA KWAMAPHEPHA ENTELA

PRETORIA, 30 kuMandulo 2019 – Amagatsha akwa-SARS azovula ngeMigqibelo kuMfumfu 2019 ukuze alekelele abakhokhintela ngokubuyisa amaphepha okubuyisa intela yengeniso lomuntu.

Ukwenza kube lula ukuthobela kubakhokhintela, amagatsha akwa-SARS azovula kusukela ngehora le-08:00 ekuseni kuya kwelolu-13:00 emini mhla zi-5, 12, 19 namhla zingama-26 kuMfumfu 2019. Usizo oluzohlinzekwa ngeMigqibelo kuzoba yilolu kuphela:

- Ukuthunyelwa kwamaphepha okubuyisa intela yengeniso lomuntu
- Ukusiza abakhokhintela ukuba babhalisele ukusebenzisa i-SARS MobiApp ukuthumela amaphepha entela.

Abakhokhintela abafanelekayo ngakho KONKE okuyizidingo bayakhunjuzwa ukuthi ASIKHO isidingo sokuthi babuyise amaphepha entela:

- Uma isamba sakho sengeniso lonyaka ngaphambi kokubanjelwa intela singaphansi kuka-R500 000
- Uma uthola ingeniso KUMQASHI OYEDWA unyaka wonke wentela.
- Uma ungenayo enye indlela ENGENISA IMALI (isib. imali oyinikelwa imoto, izinzuzo ezengeziwe zenkampani, imali engena ngebhizinisi, inzalo etheliswayo noma imali engena ngokuqashisa noma ingeniso elivela komunye umsebenzi).
- Uma zingekho izicelo zokukhokhelwa kunoma yiziphi izimali ezibanjwayo ezihlobene nentela (isib. izindleko zokwelashwa, iminikelo yesikhwama somhlalaphansi, izindleko zokuhamba).

Abakwa-SARS bathanda ukukhumbuza abakhokhintela ukuba baphathe amadokhumenti afanele asekelayo ukuze bagweme ukuphazamiseka emoyeni. Lokhu kubandakanya:

- Imininingwane yakho yasebhange
- Is(z)itifiketi zakho ze-IRP5/IT3(a)
- Izitifiketi zentela ozithole ngengeniso yotshalomali [(IT3(b))]
- Imininingwane yezindleko zokwelashwa ozikhokhe wena ezingakhokhwanga uhlelo ongaphansi kwalo lwezokwelashwa
- Isitifiketi sohlelo lwezokwelashwa esinemininingwane yeminikelo yohlelo lwezokwelashwa engaveli ezitifiketini zakho ze-IRP5/IT3(a)
- Isiqinisekiso esigcwalisiwe sokutholakala kokukhubazeka (ITR-DD), uma sikhona
- Izitifiketi zeminikelo yesikhwama somhlalaphansi

- Imininingwane yohambo lwebhizinisi (uma uthola imali ngokuthatha uhambo noma uma ufuna ukufaka isicelo sokukhokhelelwa imihlomulo eseceleni ngesithuthi osinikwa umqashi)

- Ulwazi ngentela yangaphandle ebanjiwe

- Izitatimende zezimali, isib. imalingeniso yebhizinisi

- Namanye amadokhumenti aphathelene nemali engenayo oyitholile noma ebanjwe kuwe ofuna ukufaka isicelo sokukhokhelwa kuyo.

Izinsuku zokuvalwa kwesiKhathi seNtela sonyaka wezi-2019 sokubuyisa amaphepha entela yengeniso lomuntu yilezi:

- 31 kuMfumfu 2019 kubakhokhintela besikhashana nabavulelekile abaya egatsheni lakwa-SARS ukuze basizwe ngokubuyisa amaphepha entela

- 4 kuZibandlela 2019 kubakhokhintela abavulelekile abasebenzisa i-eFiling noma i-SARS MobiApp

- 31 kuMasingana 2020 kubakhokhintela besikhashana abasebenzisa i-eFiling.

Sikhuthaza abakhokhintela ukuba benze okufanele, ngokubambisana ngoba umnikelo wentela unesandla ekwakheni umbuso wentando yeningi ekhuthaza ukukhula komnotho okuzinzile nokuthuthukisa umphakathi okudingwa yibo bonke abantu baseNingizimu Afrika.